# EDITORIAL TEAM

## CHIEF EDITOR

Mr BP Gumbi– Municipal Manager
Email—bongig@nquthu.gov.za

## EDITORS

Mr TC Nyandeni
Manager: Office of the Municipal Manager
thokozanin@nquthu.gov.za

Mr SW Mpanza
Chief Financial Officers
sakhilem@nquthu.gov.za

Mr MB Jiyane
Director of Planning
mpumej@nquthu.gov.za

Mr OS Mnguni
Director: Corporate Services
mngunis@nquthu.gov.za

Mr L Hlongwane
Director: Technical Services
directortech@nquthu.gov.za

## WRITER

Siyabonga Shoba
Communication Officer
You can send your comment to: 034 271 6100 0r
Email to:siyabongas@nquthu.gov.za

## Contact us:

Lot 83 Mdlalose Street / private bag x5521, Nquthu 3135

Phone : 034 271 6100/Fax 034  271 6111

Website: www.nquthu.gov.za

Facebook: umasipala wasenquthu

# OKUQUKETHWE

| | |
|---|---|
| AMAZWI KASODOLOBHA WASE NQUTHU | 2 |
| BATHOLE UQEQESHO OSOMABHIZINISI ABANCANE | 3 |
| BAKHUTHAZWE NGOKUBALULEKA KWEMFUNDO | 4 |
| BAHLOMULE NGOKHISIMUZI ABANTWANA ABAPHETHE AMAKHAYA | 5 |
| UMKHANDLU USINGATHE IMICIMBI EYAHLUKA HLUKENE NGAMAHOLID | 6 |
| KUKHETHWE U MISS AND MR NQUTHU | 8 |
| KUXHASWE IZINKULISA | 9 |
| UBE YIMPUMELELO UMGUBHO WOSUKU LWABANTU ABAPHILA NEGCIWANE LEGCULAZI | 10 |
| USHESHE WAFIKA UKHISIMUZI KUBANTU ABADALA | 11 |
| KUKHULEKELWE UKUBHALWA KWEZIVIVINYO ZEBANGA LESHUMI | 12 |
| BEKUQHWIZA UMENTSHISI KOWAMA SALGA | 13 |
| LIYANGOKUQINA IFINDO PHAKATHI KOMKHANDLU WASENQUTHU NOWASE BORNEM | 14 |
| UMZINYATHI UBUNGAZE ABABAMBE IQHAZA KWEZEMIDLALO | 15 |

# AMAZWI KASODOLOBHA WASE NQUTHU



*THE MAYOR*
*Cllr SM Kunene*

**Mhleli, angithokoze ukuphinde ngicoshe ithuba kulolushicilelo lwakho lwalesisigamu sonyaka. Angiqale ngokukhuleka eMakhosini aseNdlunkulu akhele indawo yase Nquthu, aMakhansela, aBasebenzi bomkhandlu kanye nakuzo zonke iZakhamizi zase Nquthu. Angithokoze ukuthi ukuhlela lomsebenzi wokushicilela lelibhuku usaqhubeka awukathikamezeki.**

Angithokoze kuBasebenzi bonke boMkhandlu ngokuqinisekisa ukuthi umsebenzi ozimiso zaloMkhandlu usahamba ngendlela. Kuhle ukuqaphela ukuthi njengoba sisuka kumaholidi kakhisimusi ziningi izinselelo okumele sibhekane nazo. Ukubuyisela abantwana ezikoleni, ukuqinisekisa ukuthi isimo sezimali emakhaya simi kahle emveni kokuzisebenzisa kakhulu ngezinsuku zamaholidi. Kulezinselelo kumele sibe izakhamizi ezinobuqotho.

Sibe nezinhlelo eziningana njengoMkhandlu kulesisikhathi, ukuqinisekisa ukuthi abantu base Nquthu sibagcina bejabule, phakathi kokunye imidlalo esiyaye sibe nayo ehlukeneyo ingoma, umdlalo wamahhashi, oswenka nezinye izinhlelo. Sibe nokhisimusi wezingane, owezakhamizi esezikhulile kanjalo nezinye izinhlelo ezithinta ukuthuthukiswa koMphakathi.

Umuntu kumele akusho ukuthi noma sisebenza kanzima ukuthuthukisa umphakathi wase Nquthu kodwa kumele sisho ukuthi aseneme ngendlela uMkhandlu wethu wesifunda uMzinyathi ngendlela ophakela ngayo amanzi eNquthu. Sesibe nezingxoxo eziningana noMkhandlu kodwa kubukeka usathwele kanzima ekuletheni izinsiza ezifana namanzi endaweni yase Nquthu, okusithinta kakhulu ukuthi nalapho inqalasizinda ikhona khona amanzi kodwa awaphumi. Kuhle sikuphawule ukuthi aseneme neze neze ngalesisehlo.

Sisenenselelo nathi njengoMkhandlu ngodaba lokukhokhwa izikweletu, ukuntshontsha ugesi nokusibuyisela emuva kakhulu kunokuthi siyephambili.

Nakulonyaka uMkhandlu uzolekelela abafundi abaya ezikhungweni zemfundo ephakeme nakulonyaka, ngiyanxusa ukuba abafundi balisebenzise lelithuba namanje, kwazise selisize abafundi abaningi base Nquthu.

Sisagculisekile ngendlela izidingo esizisabalalisa ngayo ebantwini ngokwamandla esinawo. Siyazi ukuthi lokho akwanele kodwa senza konke okusemandleni ukuthi imisebenzi yomphakathi ingaphazamiseki.

Ngifisa ukugqugquzela izakhamizi ukuba zisesekele kakhulu, zisondele emakhanseleni ukuze zithole ukuthi izinhlelo zoMkhandlu eziseqhulwini iziphi. Ngalamazwi amafishane ngifisa ukuthi niqhubeke nokusethemba ngiyabonga.

Ngiyathokoza

# BATHOLE UQEQESHO OSOMABHIZINISI ABANCANE




*elinye ilunga losomabhizinisi abancane abazihlobulele ohlelweni lwezinsiza kusiza ebezizonikelwa uSIDA ehambisana nomkhandlu waseNquthu*

## Umkhandlu waseNquthu ngaphansi kwehhovisi lakwa LED kwezamabhizinisi babambe okokuqala I Woman Business Seminar.

Lomcimbi ububanjelwe e Nquthu Council Chamber mhlazingu 21 September 2018. Lomcimbi ubuhanjelwe osomabhizinisi abancane abahlukene bakhona lapha eNquthu kanye nezikhulumi ezibuya eminyangweni eyahlukahlukene sibala o Department of Economic Development, Small enterprise Development Agency, Abezempilo kanye nabanye abaningi.

Inhloso yalomcimbi bekuwukuzo khumbuza osomabhizinisi abancane ngokubaluleka kwabo ekuletheni umnotho walapha eNquthu kanye naseNingizimu Africa jikelele. Baphinde bakhuthazwa nangokuthi basebenze ngokuzimisela ngoba amathemba okukhuphuka komnotho walapha kwelakithi kulele ezandleni zabo. Baphinde bacobeleliswa ngolwazi lokuthi kumele bawaphathe kanjani amabhizimisi abo ukuze ahlale endlondlobele.

Izikhulumi ezahlukahlukene bezisina zidedelana inkundla zisho ngazwilinye ukuthi imbokodo ayivuke izibambe sesiphelile isikhathi lapho kwakuthiwa umuntu wesifazane kumele ahlale abheke ikhaya kube umuntu wesilisa kuphela okumele asebenze.

Ekhuluma nabesifazane abebehambele lomcimbi uSodolobha waseNquthu uKhansela uSM Kunene ubonge kakhulu iqhaza elibanjwe abantu besifazane ezintweni ezingi ikakhulukazi kulezizamabhizinisi "siyajabula ukuthi ngesikhathi sanamuhla abantu besifazane sebengene bathi shi manje kwezamabhisinisi. Kumina kuye nkulu injabulo ukuthi ngibephakathi kwabesifazane abangaka abangosomabhizinisi bakhona lapha eNquthu , ngiyaziqhenya ngokuba owaseNquthu".

uSodolobha uqhube wathi singumkhandlu sizimisele ukuthi siqhubeke nokubaxhasa labosomabhizinisi bakithi baqhubekele phambili kuzekuthi kusasa sikwazi ukuthi siziqhenye ngabo sebevele ezindaweni ezinkulu sekuthiwa baphuma eNquthu.

Uphethe ngokuthi abagqugquzele ukuthi bazibambe ziqine impela benze indawo yaseNquthu iziqhenye ngabo.

Lomcimbi ubuhanjelwe nangabakwa SEDA abebezodlulisela izinsiza kusebenza kulabosomabhizinisi. Loluhlelo luqale ngonyaka ka 2017 lapho umnyango wakwa SEDA waqeqesha osomabhizinisi abangamashumi amathathu(30) okwathi emva kwezifundo zabo bahlomula ngezitifiketi. Babe sebezihlomulela ngezinsiza kusebenza abazicela emvakokuphothula izifundo zabo okubalwa kuzona amafridge, amatafula, izitofu, imishini yokuthunga , izitulo nokunye okuningi.

Loluhlelo lusazoqhubeka lapho kuzophinde kuqeqeshwe abanye osomabhizinisi bakhona lapha ekhaya. Umkhandlu uzimisela kakhulu ukuthuthukisa osomabhizinisi abancane balapha eNquthu.



*Osomabhizinisi abancane baseNquthu abebehambele umcimbi we womens Bussiness Seminar obubanjelwe e Council Chamber lapho abanye babo bezihlomulele ngezinsiza kusebenz*

# BAKHUTHAZWE NGOKUBALULEKA KWEMFUNDO

**Umkhandlu waseNquthu ngaphansi komtapowolwazi ( Library Services) ngokubambisana noMnyango wezamaCiko, Imidlalo kanye nokuNgcebeleka ngaphansi kwemitapo yolwazi bavakashele isikole iFanele Sibonge High School, wadi 01.**

Lokhu kwenzeke mhlazingu 07 August 2018. Inhloso yalokhu kuvakasha bekuwukuyogqugquzela abafundi ngokubaluleka kokuhambela imitapoyolwazi. uMnyango wezamaCiko, Imidlalo kanye nokuNgcebeleka ubuhamba ngebhasi lomtapo wolwazi ( Mobile Library) inhloso yalokhu bekuzokhombisa nokugqugquzela abafundi ukuthi umtapo wolwazi into emi kanjani.

Abafundi bathole ithuba longena bazibonele bona mathupha ukuthi ngababe ini etholakala kulelibhasi. Bekuyinjabulo yodwa kubafundi balesisikole ukuthi bakwazi nje ukubona umtapo wolwazi eduzane baphinde bathinte nezincwadi zakhona.

Kuzokhumbuleka ukuthi iFanele sibonge High School enye yezikole ezisezindaweni zasemakhaya amakhulu aseQhudeni lapho kubiza imali enkulu ukuthi umfundi agibele ezokwenza izinto zakhe kumtapo wolwazi osedolobheni.

Ekhuluma nabafundi uSodolobha ukhansela SM Kunene uthe "namuhla sikhethe ukuthi size lapha namuhla sihambisana naboMnyango wezamaCiko, Imidlalo kanye nokuNgcebeleka ukuthi sizonikhombisa ukuthi sinithanda futhi sininakelela kangakanani ngokuthi sinisondezele umtapowolwazi eduzane kwenu nikwazi ukuwubona nithinte nezincwadi zakhona njenge sicelo senu." Uphinde wagqugquzela abafundi bebanga leshumi ukuthi bazimisele.

" siyazi ukuthi njengamanje nje sekuzondele izinsuku zokubhalwa kwezivivinyo zokuphela konyaka, ngakho ke siyanxusa futhi siya nxenxa ikakhulukazi kubafundi bebanga leshumi ukuthi nifunde ngokuzimiselanjengoba sekusondele lesisikhathi , siyazi futhi siyathemba ukuthi nizophumelela kahle kuzivivinyo zenu nibeke indawo yaseNquthu kubalazwe njenge ndawo enezikole eziphumelela kahle ezifundweni zabo."

Uphethe ngokuthi akhuthaze abafundi ukuthi inhlonipho ibalulekile. "siyanicela futhi siyaninxusa ukuthi nihloniphe othisha kanye nabantu abadala nathi silapha sikhona nje kungenxa yokuthi sahlonipha uthisha uyafana nomzali wakho umangabe ulapha esikoleni isikhathi esiningi vele nisichitha nabo othisha kunabazali futhi uthisha uhlale efisela abafundi bakhe impumelelo." uphethe ngokuthi thina ngezikhathi sisafunda sasishaywa futhi sibahlonipha othisha hayi nina manje eningasashaywa.





*Abafundi base Fanelesibonge Secondary School bejabulele ukufika komtapo wolwazi esikoleni sabo*

Uthishanhloko wase Fanele Sibonge High School u Madam Mswane ube esebonga kakhulu ngabakwenzelwe umkhandlu "siyabonga kakhulu ukuthi nisivakashele namuhla nizobonisa izingane zethu ukuthi umtapo wolwazi uyinto enjani. Siyabonga kakhulu kumkhandlu ikakhulu kazi kubasebenzi base library abahlale behlale bade basikhumbula ukuzosivakashela nathi sikhona lapha eQhudeni sizizwa sibakhulu ikakhulukazi namuhla sivakashelwe nangu Sodolobha wethu."kuphetha uMadam Mswane

USodolobha ube esenikezela ngezicathulo zesikole ezingu 06 ukuthi uthishanhloko kanye nothisha bayohlonza lezozingane ezizidingayo bazinike.



*Usodolobha ukhansela SM Kunene , Ukhansela wakwa Ward 01 u Cllr Z Sithole , usihlalo webhodi lasesifanelesibonge kanye nothishanhloko wakhona bezibonela ngokwabo i bhasi*



*Omunye waba sebenzi bomtapowolwazi efundisa abafundi ngokuqukethwe umtapo wolwazi kanye nokubaluleka kwawo*

# BAHLOMULE NGOKHISIMUZI ABANTWANA ABAPHETHE AMAKHAYA



*Inxenye yama food Parcel anikelwe entsheni engu 34 ephethe imizi engasenabazali ekhethwe amakhansela emawadini angu angu 17 aseNquthu.*

## Bekuyinjabulo yodwa kubantwana abaphethe amakhaya emva kokusaladengwane beshiywa abazalibabo besale beyibambile imizi bekhulisa abafowabo nodadewabo abancane kunabo. lokhu kwenzeke zingumhlaka 14 December 2018 , e Council Chamber

Labantwana abahlomule kuloluhlelo abangu 34 babuya kuwowonke ongu 17 amawadi. Iwadi ngalinye ikhansela liletha abantwana ababili abaphethe amakhaya ukuthi bazozitholela ukhisimuzi nabo balale bedle kamnandi ngesikhathi samaholidi kakhisimuzi njengabobonke abantu.

Lomcimbi wokudlulisela ukhisimuzi kulabantwana usuke uhanjelwe uSodolobha womkhandlu ukhansela SM Kunene kanye namakhansela nekomidi le Youth Council. Usodolobha womkhandlu ekhuluma nalabantwana uthe "kuyinjabulo enkulu kimina ukuthi thina njengomkhandlu minyaka yonke sibe nohlelo olunjengalolu.

Loluhlelo luwusizo kakhulu ngoba liyakwazi kusiza Labantwana ikakhulukazi ngesikhathi samahholide kakhisimuzi ukuthi nabo bakwazi ukuthi badle kamnandi njengayo yonke imindeni esenabazali.kusho usodolobha . "Nami ngiyalwazi lolusizi nami ngashiywa umama wami ngisemncane ngakhuliswa ubaba owaye evuka nathi esinakekela.

uMhlonishwa unxuse ukuba baqhubeke nokunakekela amakhaya kanye nemindeni yabo. "Ngiyaziqonda izinselelo nezinqinamba enihlangabezana nazo njengoba nibheke imindeni. Siyafisa ukunilekelela kulesikhathi lapho yonke imindeni ihlangana khona ibungaza ukusuku lukakhisimuzi.

Lezi zipho esininikelela ngazo namuhla sifisa ningazizwa nilahliwe kodwa sifisa nani niyizwe imfudumalo kulesikhathi esibalulekile semindeni. Sikwenza lokhu ngoba sinikhombisa ukunithanda" Kuphetha usodolobha.

Izinyembezi zenjabulo bezibonakala zigcwele amehlo kulabantwana. Obekubajabulisa kakhulu bewukuthi nabo sebezodla ukhisimuzi omuhle ogcwele injabulo kanye nabantwana. Nabo sebezofana nabobonke abantwana abanabazali. Omunye walabantwana naye ohlomulile kuloluhlelelo ubeke kanje "siyabonga kakhulu kuiSodolobha , amakhansela kanye no mkhandlu wethu ukuthi usikhumbule. Kuyizinkomba zokuthi nathi asibancinyane kusibonisa ngokusobala ukuthi nathi bahlale besikhumbula . lokhu kuyizinkomba zokuthi umkhandlu wethu uyanakekela".

Uqhube wathi " kungaba enkulu injabulo kithina uma loluhlelo lungaqhubeka minyaka yonke , siyazi futhi ukuthi akuthina sodwa baningi abanye abantwana abakulenkinga esibhekene nayo, abanye abaze bakhetha ukuzinikela ezidakamizweni , ebugebengwini nasophuzweni oludakayo ngoba bengazi nokuthi kumele babhekane nalesisimo. Thina siyazibongela kakhulu ekhandlwini ukuthi sathola umkhandlu kanye nabaholi abayinakekelayo inhlala kahle yomphakathi.

Lomsebenzi udle imali engango R120 000.

Usodolobha kanye namakhansela babe sebe phetha ngokuthi badlulisele amaphasela okudla entsheni engamashumi amathathu nane.



*Usodolobha ukhansela SM Kunene ekanyenamakhansela bemukelisa omunye wabantwana abaphethe amakhaya ashiywa abazali.*

# UMKHANDLU USINGATHE IMICIMBI EYAHLUKA HLUKENE NGAMAHOLIDI



*iqembu leseSotho Dance ebesibanjelwe kwa Molefe Tribal court mhlaka 27 December lapho bekukuhle kudelile lomcimbi ubuhanjelwe inkosi yakhona*

**Minyaka yonke ngesikhathi samaholide kakhisimuzi umkhandlu waseNquthu uhlela imicimbi eyehlukahlukene yesintu . kuzokhumbuleka ukuthi indawo yaseNquthu indawo yasemakhaya nokuyilapho umphakathi wakhona uyathanda ukubona izinto ezahlukahlukene zesintu.**

Nakulonyaka umkhandlu uphinde wenza lokhu ehlala ikwenza minyaka yonke lapho bekudela umakhasane , zibulalana izinsizwa nezintokazi emicimbini eyahlukene yesintu.

Ngalemicimbi umkhandlu usuke uhlose ukuzojabulisa umphakathi uphinde uzame ukuthi itsha iqoqane ndawonye ingabi uvanzi ngalezizikhathi zamahholide izozijabulisa ngokushaya iNgoma , iSicathamiya , aMahhashi , Moghibo lemoghibelo , oswenka kanye noNobuhle lokhu kwenzeka ngezinsuku ezahlukene.

Enye inhloso yalemicimbi ukuthi umphakathi uphume ngobuningi bawo uzozibonela amaciko abo abawakhonzile enza adume ngazo. Inhloso yalemicimbi ukuveza nokuziqhakambisa ngamasiko ethu thina yindlu emnyama esiziqhenyayo ngawo.

Lemicimbi iqale ngo mjaho wamahhashi obubanjelwe eMkhonjane mhlaka 23 December 2018. lemidlalo ibihlelwe umkhandlu waseNquthu ngaphansi kophiko lwezokugcebeleka (Tourism) lomkhandlu ngokubambisana nehhovisi lezokugcebeleka( Tourism) lakhona eNquthu.

kowamahhashi abalelwa ngaphezulu kwama Shumi amahlanu Amahhashi abambe iqhaza kulomncintiswano. Abawinile kulomcimbi bakhale bamuka nezi ndodla zezimali. lemijaho ibihlukene kayisikhombisa . Amahhashi abethola imiklomelo ngokuhlukana kwemijaho . imali isiyonke ebibekelwe amahhashi bekungu R47 381.00

I Ngoma yesiZulu, ibibanjelwe okhalweni lwakwaLUvisi mhlazi ngama 24 December lapho imali ebebikwe khona bekungu R 90 000. Kulonyaka ingoma ibihamba ngalelinye igiya ngoba wonke amaqembu angenelile noma lingawinanga belithola umthoba nhliziyo akukho neli lilodwa iqembu elibuyele ekhaya lilambatha nje .

Isicathamiya,oSwenka Kanye nonobuhle khona ke obeku banjelwe e V.A Makhoba mhla zingu 26 December. Lapho khona bekubhekwe isamba semali esingu R87 217. 00 kwase kugcinwa nge seSotho Dance ebesingezi 27 December enkosini kwa Molefe okungu Moghibo Lemohobelo wona obubekelwe isamba semali esingu R44 874.00. Yonke lemicimbi Ibe enkulu impumelelo

Lemicimbi ibihanjelwa uSodolobha uKhansela SM Kunene kanye namakhansela omkhandlu. Enkulumeni yakhe Sodolobha kulemicimbi eyahlukahlukene ubonge kakhulu abahleli balomcimbi ukuthi bawenze ube impumelelo kanye namakhansela akhona ukuzosingatha lemicimbi. “Siyabonga kakhulu kuhhovisi lezokungcebeleka elingaphansi komnyango wakwa Planning Services ngokuthi lisihlelele lemicimbi emihle kangaka”kusho uSodolobha.

Uqhube wathi “Siphinde sibonge nakubobonke abaholi



*bebejabule kanjena abeqembu likacothoza mfana abazidlele umhlanganiso emncintiswaneni obubanjelwe e VA Makhoba Hall*

bamaqembu abambe iqhaza kanye nabanikazi bamahhashi abenze lemicimbi yaba impumelelo ngoba ngaphandle kwabo bekungeke kwenzeke lokhu namhlanje."

"Inhloso yomkhandlu ukuthi yenze lemicimbi ukuthi igcine umphakathi waseNquthu namaphethelo uhlale ujabule ngokuthi sibalethele imidlalo abayithandayo futhi abayikhonzile nabaziqhenyayo ngayo lokhu kufakazelwa indlela abantu abaphuma ngayo badele amakhaya kanye nemisebenziyabo kulelilanga elingaka bezobungaza lemicimbi sibonge kakhulu kubona."kuqhuba usodolobha

"Enye inhloso ukuthi sizame ukukhipha itsha yakithi ezintweni ezingeke ziyiyise ndawo ezinjengotshwala nezidakamizwa kubekhona into ebhizingayo kulesisikhathi samaholide."kusho usodolobha. "Sibonge kakhulu kumphakathi wakithi ophuma ngezinkani ukuzosisekela kulokhu esikwenzayo lokhu kwenze ukuthi sijabule sibone ukuthi sibuyisela okwabantu ebantwini ngempela."kugcizelela uSodolobha.

Ube esephetha ngokuthi abongele abaphumelele "siyababongela kakhulu bonke abaphumelele futhi kulonyaka sithe ukuyithi xaxa kunangonyaka odlule . ngiphinde ngibonge kumqondisi walomnyango ukuthi enze isifiso sami sibe yimpumelelo lapho ngonyaka ophelile ngangithe ngifisa Isifiso sami ukuthi lonke iqembu elingenele engomeni kubekhona abakutholayo bangabuyeli emumva belambatha. Kuqhuba Usodolobha . uphethe ngokuthi "isifiso sami futhi sakulonyaka ukuthi kuyoyonke lemicimbi kuthi wonke umuntu ongenele noma engawinanga kodwa kube khona umthoba nhliziyo akawutholayo njengoba kwenzekile eNgomeni."

Omunye wamalunga omphakathi ubeke kanje ejabule "singumphakathi waseNquthu sijabule kakhulu ngalento esiyenzelwa umkhandlu wethu ukuthi ngesikhathi samaholide sikwazi ukuphuma emakhaya sizozichithela isizungu sibuka into esiyithandayo." Uqhube wathi " Lokhu futhi kusiza nezingane zethu ukuthi zingazibanda kanyi ezintweni ezingasile njengo phuzo oludakayo , izidakamizwa nokunye ngoba ukuze bezelapha bezoqhudelana bachitha isikhathi esiningi bezilolonga lokhu okwenza baqoqeke.

Uphethe ngokuthi siyacela impela emkhandlwini wakithi ukuthi ungayiyeki lento enhle kangaka oyenzayo uqhubeke njalo nje ngokunakekela abantwana bethu.

Lemicimbi isinko yenze isamba semali esingu R 269 472.00



*Elinye lamaqembu engoma ebelibambe iqhaza kumncintiswano wengoma obungezi 26 December okhalweni lakwaluvisi*

# KUKHETHWE U MISS AND MR NQUTHU



*ukhansela Bl Zwane , u Mr Randy ongusihlalo we Nquthu Community Tourism bekanye nabadle umhlanganiso embukisweni eyahlukahlukene yonobuhle*

**Ihhovisi laseNquthu lezokugcebeleka (Nquthu Tourism Organisation) ngokubambisana noMkhandlu waseNquthu ngaphansi kophiko lwakwa Tourism kanye ne Save a Child Organisation babambe umcimbi wokukhetha uzime waseNquthu.**

Lokhu bekungokuqala nqa eNquthu ukuthi kwenziwe lomcimbi. Lokhu kwenzeke mhlazingu 17 December 2018 e VA Makhoba Hall. Inhloso yalomcimbi ukuveza kanye nokukhulisa amakhono etsha yaseNquthu kanye nokugqugquzela ukukhuliswa komnotho weseNquthu kanye nezamaciko siphinde sizame ukubamba iqhaza ekulwisaneni ne HIV/AIDS, izidakamizwa , ukukhulelwa kwetsha ngokuthi itsha yakithi kubekhona izinto ezizenzayo zizokwazi ukukhipha imiqondo yabo ezintweni ezingalungile.

Abangenele lomncintiswano bangu 21 okungabantu besifazane abangu 15 kanye nabesilisa abangu 06 bekungokokuqala nqa kubanjwa lomncintiswano.

Ongusihlalo we Community Tourism Organisation u Mnu. Randy ubonge labo ababambe iqhaza kulomncintiswano wabuye wagqugquzela itsha ukuthi ikukhuthalele ukubamba iqhaza ezintweni ezinjengalezi. “siyabonga kakhulu kutsha yakithi ethathe isikhathi sayo ngokuthi izobamba iqhaza kulomncintiswano. Bangu 21 abantwana ababambe iqhaza futhi siyethemba ukuthi ngokuzayo sizokhula lesibalo njengoba siqale ngegiya eliphezulu kangaka. Kusho uMnu Randy.

Uphinde wabonga nakubaxhasi abenze lomcimbi waba impumelelo okuyi Nquthu Municipality, Community Tourism organisation, Mziwempi Driving School, Debonairs , Randy’s Hair Salon kanye ne Meetmekaar.

Abawinile bazihlomulele ngemiklomelo eyahlukahlukene Miss and Mr Nquthu bahlomule ngokuzizwisa ngokulala e Meetmekaar ubusuku obubodwa kanye ne breakfast, I Learners and Drivers Licence eMzwiwempi Driving School, R500 Voucher yase Debonairs kanye nesamba sika R2 000.00 bese kuthi ama first Runner Up wona azizuzele I Voucher yakwa Randy’s Hair Salon kanye nesamba semali esingu R1 200 bese kuthi ama Second Runner Up wona azizuzele I Voucher yakwa Randy’s Hair Salon kanye nesamba semali esingu R800.

Abawinile ilaba abalandelayo Queen (Miss Nquthu Tourism) Lebo Selepe, First Princes - Lumka Mashaba kanye ne Second Princess - Mukelo Makhoba besekuthi I King( Mr Nquthu Tourism ) Akhonamathemba Mbhale , First Runner Up -Lebohang Manyathi bese kuthi Second Runner Up – Fanele Shabalala



*izinsizwa nezithokazi ezidle umhlanganiso koka Miss and Mr Nquthu Tourism.*

# KUXHASWE IZINKULISA

**Izinkululisa ezingu 04 ezingaphansi komkhandlu wasenquthu zithole umxhaso wezinsiza kufundisa izizosiza abantwana.**



*usodolobha kanye namakhansela omkhandlu evakashele enye yama crech e Ward 03, Hadebe ehambise izinsiza kusebenza ezizosiza abanwana*

Izinkulisa ziwusizo olukhulu emphakathini yakithi njengoba zisiza ekuthenini abazali bakwazi ukubeka khona izingane zabo uma beya emisebenzini noma besebenza emakhaya. Lokhu kwenza ukuthi ingane ikhule ihlakaniphile futhi ikwazi ukuphila nezinye izingane.

Minyaka yonke umkhandlu unohlelo lokuxhasa izinkulisa ngezidingo. Ngokubona ukubaluleka kwalezizinkulisa umkhandlu waseNquthu oholwa uSodolobha uphindile futhi nakulonyaka waxhasa izinkulisa ngezinsiza.lezizinkulisa okuyi : Sinothando Crech –Ward 3, Siyakhula Crech- Ward 5, Ntandoyesizwe Crech -Ward 10, Zakheleni Crech -Ward 11.

Ekhuluma nabazali bezingane kanye noThisha u Sodolobha uKhansela SM Kunene uthe "Ikusasa lalelizwe lilele ezandleni zentsha yakulelizwe ngakhoke kubalulekile ukuthi sibaxhase ngalokho esingakwazi ukuthi sibaxhase ngakho abakudingayo yize noma singeke sikwazi ukukwenza konke kodwa kulokhu okuncane esikhona yo ukukwenza kumele sikwenze". Kusho usodolobha

USodolobha uphinde wakhuthaza abazali ukuba baqinisekise ukuphepha kwabantwana babo." Kuliqiniso elaziwayo ukuthi izwe lethu lihlaselwe yidimoni elibi lokuhlukunyezwa kwabantwana. Kulesikhathi samanje kuhlukunyezwa ngisho izingane ezincane ezisancela. Ngakhoke kubalulekile ukuthi ukuza kwethu lapha namuhla sinikhumbuze ngokubaluleka kokunakelelwa kwabantwana kulesisikhathi samanje esiphila kuso.

Uqhube wathi ngokohlelo lukasomqulu odidiyelwe nohlahlozimali IDP zikhona izinkulisa umkhandlu ozozakha noma kungezona lezi esizivakashele namuhla kodwa kukhona lapho esithe masihamba sibheka sabona ukuthi kunesidingo esikhulu ukuthi zakhiwe khona".

Ube esenxenxa abazali ukuthi bazinakekele izingane zabo nokuthi bakukhuthalele ukuthi bazilethe ezinkulisa ngoba khona zifundiswa izinto eziningi zisheshe zihlakaniphe."kuphetha usodolobha

Onkunzana laba bebe cula bezixoxela bezijabulelele izinto ezimnandi ebebezibona phambi kwabo bengazi nokuthi lidumephi.  okubalwa kuzona ama snaks, juice, chocolate nokunye okuningi .

Lezizinkulisa zizihlomulele ngezinto okungabalwa kuzo izimpotshi zokulala, izitulo, amatafula, amathoyizi , izinsiza zokufunda kanye nokunye okuningi okungasiza abantwana ukuze bazilungiselele indlela eyisiqalo sekusasa lempilo yabo.

Ezinye zalezizinkulisa azikho esimweni abanye bafundela emasontweni kukhulu nje okusamele uminyango kahulumeni ethintekayo ikwenze. Lomsebenzi udle umkhandlu isizumbulu semali esilinganiselwa ku R107 000.00

USodolobha kanye namakhansela abagcinanga lapho ngokuhambisa izinsiza kusebenza nje kodwa kuthe ngomhla ka 25 September wahambela indawo yaseMpumelelweni ku Ward 14 lapho bebeyohlaba khona isoyi lokwakha inkulisa nayo ezoba usizo olukhulu kubantu abahlala Empumelelweni kanye nezindawo ezakhelene nayo.

Lokhu kulandela isiqinisekiso asenza mhlazane engena ehhovisi ukuthi uyohambela futhi axhase zonke izinhlaka zomphakathi.

Lenkulisa ezoba sezingeni eliphezulu izodla umkhandlu isamba semali esingu R1 189 746.67.



*lapha odado base ward 05 , othisha kanye nabazali babo bezozibonela ngamehlo izinsiza kufundisa abazoziphiwa uSodolobha ukhansela SM Kunene kanye namakhansela omkhandlu waseNquthu*

# UBE YIMPUMELELO UMGUBHO WOSUKU LWABANTU ABAPHILA NEGCIWANE LEGCULAZI



*Beziphenduka kanjena izinsizwa nezintokazi emcimbini wokubungaza usuku lwabahaqwe isifo segciwane lengculaza*

**Inyanga ka December (Uzibandlela) inyanga yokugubha usuku lwabantu abahaqwe igciwane lengculazi minyaka yonke umhlaba wonke ugubha lolusuku osukwini lokuqala kuZibandlela.**

Nakulonyaka kuphinde kwenzeka lokho noMkhandlu waseNquthu nawo ube ngomunye obambe iqhaza ekugubheni lolusuku njengoba kuhlale kwenzeka minyaka yonke. Lomcimbi ububanjelwe e VA Makhoba hall ngomhla zingu 04 December 2018.

Izinkubhi zabantu ezibuya kuwowonke amawadi ongu 17 aseNquthu ahambele lomgubho. Okubalwa kuwona ama Support Groups kanye nama Department akhona lapha eNquthu okubalwa kuwona ......... lezempilo kanye namanye.

Izihambeli ebezikhona zidlulise imizwa yazo ngalolusuku zabuye zagqugquzela umphakathi ukuthi uyikhathalele impilo yawo uphume uvakashele imitholampilo uyobheka isimo sempilo yawo njengoba nje manje igciwane alisafani nakuqala sekunemishanguzo yokulidambisa futhi manje akusezona leziyazinkumbi zamaphilisi ayephuzwa kuqala sekuphuzwa iphilisi elilodwa nje vo.

Usodolobha waseNquthu uKhansela SM Kunene ekhuluma nezinkumbi zabantu ebezigcwele ziphuphuma e hholo lase VA Makhoba uthe " Minyaka yonke kuhlale kukhulunywa into eyodwa ukuthi abantu abazibheke bazinakekele baphinde bathande ukuvakashela imithola mpilo ukuthi bayohlola impilo yabo siyethemba ukuthi lelivangeli liyangena kubantu".

"sikhuthaza ikakhulu kazi abantu besilisa okuyibona okubonakalayo ukuthi badonsa izinyawo uma sekufika ekuthenini babhekelele impilo yabo. Siyabakhuthaza nokuthi bavakashele imitholampilo bayosoka ngoba ukusoka kubalulekile kakhulu futhi kudlala indima enkulu ekwehliseni izinga labantu abangenwa ilesisifo."kuqhuba usodolobha.

Uphethe ngokuthi agqugquzele umphakathi ukuthi uphume ngobuningi uyobhalisela ukuvota uphinde ukhuthalele ukuvakashele isikhungo sakwa IEC khona lapha emkhandlwini bezogcwalisa amakheli ube esephinda esefisela bonke abantu ikakhulu kazi izakhamuzi zaseNquthu amaholide kakhisimuzi aphephile "Njengoba siya emahholidini nje sinifisela amaholide amahle kinina nonke kanye nemindeni yenu niphephe nihlukane nophuzo oludakayo futhi ninga phuzi besenishayela ngoba lokho kuyingozi kubeka izimpilo zabantu abaningi engozini.

Kulonyaka umkhandlu waseNquthu lomgubho uwuqale ngegiya elihlukile lapho uqale wavakashela khona indawo yaseSandlwane esikoleni I Nomashaka ngomhlaka 29 November. Inhloso yokuhambela lesisikole ukuzoqaphelisa abafundi kanye namalunga omphakathi ukuthi bajabule baphinde bazibheke njengoba kuza amahholide kaDecember bakhumbule ukusebenzisa okokuzivikela uma beya ocansini labo abadala. Bese kuthi itsha iziqhelelanise nendaba yocansi baqinise ezifundweni zabo.

Kuphinde kwagqugqquzelwa abantu besilisa ukuthi bajwayele ukubheka isimo sempilo yabo umzimba wonke okungenani kabili ngonyaka njengoba kuvela ukuthi kunenselelo enkulu lapho abantu besilisa bengafuni ukuyohlola isimo sempilo yabo. Enye inhloso bekukuyogqugquzela bona abantu besilisa ukuthi ukuthi bahambe bayosoka ngoba ukusoka enye yezindlela okuzanywa ngayo ukwwehlisa izinga legciwane legculazi.

Kuphinde kwathi mhlaka 30 November uMkhandlu waseNquthu wabamba umgubho we 16 Days of Activism against Women and Children Abuse khona eSandlwana e Ward 09 esikoleni I Mampunge . Inhloso yalokhukuhlangana bekuwukuzoqwashisa abesifazane nabantwana ukuthi bangathuli uma behlukunyezwa kodwa babike . kuphinde kukhunjuzwe abantu besilisa ukuthi abayeke ukuhlukumeza abantu besifazane ngoba akulungile babuye bagqugquzelwa ukuthi bahloniphe abantu besifazane.



*Amalunga ama Support groups abehambele umcimbi wokubungaza usuku lwabantu abaphila negciwane legculazi obubanjelwe e VA Makhoba*

# USHESHE WAFIKA UKHISIMUZI KUBANTU ABADALA



*Omunye wogogo base Ward 01 emukela okokuxosha ikati eziko kuSodolobha SM Kunene kanye namakhansela omkhandlu ngaphandle e VA Makhoba Hall*



*beligcwele phama i hholo lase VA Makhoba abantu abadala bezozimukelele bona mathupha ukudla kwabo abakuphiwa umkhandlu waseNquthu ohholwa ukhansela SM Kunene kanye namakhansela omkhandlu abehambele lomcimbi.*

**Bekuhlengezela izinyembezi zenjabulo kubantu abadala bephume ngezinkani bezozimukelela bona mathupha ukhisimuzi wabo ebebekade bewuphiwa umkhandlu waseNquthu oholwa uSodolobha uKhansela SM Kunene.**

Lokhu kwenzeka minyaka yonke lapho umkhandlu ngokulekelelwa amakhansela uhlonza izaguga b kuwowonke ongu 17 amawadi zizoba inxenye yalezo ezizozihlomulela ngokhisimuzi wokuthi zidle kahle nemindeni yazo njengoba kusondele amaholide kakhisimuzi. Iwadi ngalinye belilethe izaguga ezingu 26. Zingu 460 zizonke izaguga ezihlomule kulelihlelo.

Kuzokhumbuleka ukuthi amakhaya amaningi njengoba kukhona abazukulu manje asondliwa yizona izalukazi ngemali yazo yempesheni zisale zingasenalutho. Imizi eminingi manje izingane sezashiywa abazali zasala nabo ogogo okuyibona abazikhulisayo. Izaguga , amalunga omphakathi kanye nama ward commitees bangene lagcwala lathi phama ihholo lase VA Makhoba.

Lezizaguga bezi cula zihaya izingoma zazo zakudala ezikhumbuza ebusheni bazo. Ekhuluma kulomcimbi ongusihlalo wabantu abadala ubekekanje "namuhla kuyintokozo enkulu ukuthi sihlangane kanje singabantu abadala sizozijabulela futhi sizothola izinto ezikhala kahle ezizosisiza ukuthi imindeni yethu nayo ilale idlile njengoba kusondele isikhathi samaholide kakhisimuzi.

Lomcimbi ubuhanjelwe uSodolobha womkhandlu kanye namakhansela ukuzobungaza kanye nabantu abadala . ekhuluma nabantu abadala uSodolobha u SM Kunene uthe "kuyangijabulisa ukubona abantu abadala bejabule kanjena namuhla usuku lwenu njengoba silapha nje sizozijabulisa kanye nani ngoba isifiso sethu njengomkhandlu ukuthi sinigcine nihlale nijabule njalo.

"zinsuku zonke sizohlale sikugcizelela lokhu ukuthi sinxenxe lemindeni ehlala nabantu abadala ukuthi bahlale bebanakekela njalo babagcine bajabulile ngoba abantu abadala bayisibusiso ezimpilweni zethu. Kumele ujabule umangabe usenomuntu omdala ekhaya ngoba baningi abangasenabo abafisayo ukubanabo futhi abantu abadala benza nihlale nazi izinto eziningi zemilando. Kusho Usodolobha

"ukuhlonipha umuntu omdala nje kuletha izibusiso ezinkulu. Usodolobha ube esephetha ngokuthi akhumbuze abantu abadala ukuthi kukhona I Forum yabo umkhandlu obakhele yona e bizwa ngokuthi I Senior Citizen Forum emeleleke kuwowonke amawadi ongu 17 angaphansi komkhandlu wasenquthu okumele bayisebenzise" kuphetha usodolobha.

Abantu abadala baphinde bayalwa ukuthi umangaba kwenzeka behlukumezeka ngandledlana thizeni emakhaya bangathuli nje babike bangavumeli abantu bezenzele umathanda nje.

Lomcimbi udle umkhandlu isamba semali esingu R500 000. uSodolobha kanye namakhansela babe sebedlulisela ukhisimuzi kogogo.



*inxenye yama food parcels abezodluliselwa uSodolobha ukhansela SM Kunene kanye namakhansela omkhandlu kuzagugu ezingu 460 ezibuya kuwowonke ongu 17 amawadi .*

# KUKHULEKELWE UKUBHALWA KWEZIVIVINYO ZEBANGA LESHUMI



*abafundi, othisha kanye nabazali abebeyinxenye yomkhuleko*

**Abafundi bebanga leshumi nambili bathole ukukhuthazeka ngesikhathi bekhulekelwa ukulungiselelwa ukuhlolwa kokuphela konyaka. Lomcimbi uhlelwe ngokubambisana umkhandlu waseNquthu kanye noMnyango weZemfundo. Lomkhuleko wenzelwe ehholo lomphakathi VA Makhoba Hall ngomhlaka 11 October 2018.**

Ethula inhloso yosuku ongumphathi wehhovisi lezemfundo eNquthu, uMnumzane uJiyane ubonge ngomsebenzi omuhle owenziwa umkhandlu ukulekelela ezinhlelweni zezemfundo. "Siwumnyango weZemfundo, sikujabulela kakhulu ukusebenzisana nomkhandlu ukukhuphula izinga lezemfundo.

Kuningi esisebenza ngokubambisana nomkhandlu ukuphucula imfundo yezingane ezimpisholo. Ayiminingi imikhandlu ezihluphayo ngalezinhlelo, sifisa ukubonga kakhulu emkhandlwini waseNquthu" Kuqhubeka okaMkhathini. Ube esewanxusa abafundi ukuba balisebenzise lelithuba njengoba elokubakhuthaza ukuba bazilungiselele ukubhala ukuhlolwa kokuphela konyaka.

Lomcimbi ubuhanjelwe izintatheli zomsakazo Ukhozi FM lapho bezisina zidedelana zikhuthaza abafundi . okuhle kakhulu ukuhti lezizintatheli ezakhona lapha eNquthu futhi zafunda khona lapha ezikoleni zaseNquthu. Labo kunguKhalesakhe Mbhense owaphothula izifundo zakhe eLangazela High School kanye noSamkelisiwe Mtshali owayefunda eMdonswa High School. Bakugcizelela ukuthi njengoba nabo baphumelela befunda ezikoleni zasemakhaya behamba ngezinyawo, nabo abafundi bangakwenza baphumelele. Umbhishobhi omkhulu uScelo Mbokazi, nawe waphosa itshe esivivaneni.

UMeya womkhandlu waseNquthu, uMhlonishwa SM Kunene wakhuthaza abafundi ukuthi bafunde ngokuzimisela . Wachazela abafundi ngosizo olukhishwa umkhandlu kubafundi abangenayo inkece yokubhalisela imfundo ephakeme. " Siwumkhandlu onakekelayo, yingakho sizihlupha ngemfundo yabantwana bethu. Siyakholelwa ukuthi ikusasa lemindeni yethu lincike kakhulu ukuphucula ezemfundo kuloyo naloyo mntwana osesikoleni."kusho uSodolobha



*u Scelo Mbokazi naye wokhozi obeyinxenye yalomkhuleko obubanjelwe e VA Makhoba Hall*



*uSamkelisiwe Mtshali wokhozi naye obehambisana nozakwabo besingathe lomcimbi*

"siwumkhandlu yingakho sifaka isandla kwezemfundo sikwenza lokhu ngokutshala kubafundi ukuze bakwazi ukuhlomula ngesikhali esiyolekelela izizukulwane ezizayo. Kulonyaka sibeke inkece engu R 900 000 ukulekelela labo bafundi abazali babo abangakhoni ukubakhokhela emazingeni emfundo aphezulu. Siyafisa ukuba abafundi basondele emkhandlwini ukuze bezocosha ulwazi ukuthi zifakwa kanjani izicelo. "Kuqhuba uSodolobha.

Umlayezo wethu njengomkhandlu uthi, njengoba senizophumela emhlabeni obanzi, ningakhohlwa lapho niphuma khona. Emakhaya bathembe nina ukuletha ushintsho. Nizibambe izeluleko zabazali, ningashintshwa abangani uma senifunda emazingeni aphezulu. Izinto ebeningazenzi nisahlala nabazali, niqhubeke ningazenzi. Ningafiki nishintshe nifunde izinto ezintsha eziyophoxa abazali. Nina niyithemba lethu sinifisela ikusasa eliqhakazile." Kuphetha uSodolobha.


*ukhalesakhe Mbense wokhozi FM obeyisikhulumi sosuku kulomcimbi*

# BEKUQHWIZA UMENTSHISI KOWAMA SALGA

**Bezigadulisana kushunqa uthuli kowama Salga Games. lemidlalo ibibanjelwe kwisifunda sase Mgungundlovu kusukela ngomhlaka 07 kuya ku 10 ngozibandlela (December).**

Lemidlalo ibanjwa minyakayonke lapho kusuke kuhlangene omasipala bezifunda zonke za KwaZulu-Natal. Zisuke ziqhudelana emikhakheni eyahlukahlukene okubalwa kuyo ibhola lombhoxo, ibhola likanobhutshuzwayo, amanqindi Kanye neminye.

Lemidlalo idlalwa abantu abaneminyaka engu 19 kuyaphansi. Eqenjini lesifunda saseMzinyathi , inquthu ibimelwe abadlali abangu 30. Isifunda saseMzinyathi singenele imikhakha eyisithupha okubalwakuyona ibhola lezinyawo, amanqindi, ibhola lomboxo, umgijimo, ibhola lomqakiswano , Basket ball Kanye nebhola lomphebezo(Volley Ball)

Isifunda saseMzinyathi senze ezibukwayo kulemidlalo lapho abesifazane bebhola lombhoxo bequbuye indebe bezitholela u position 1 kwathi abesilisa bathola u position 3.

kwezamanqindi kulonyaka isifunda sase Mzinyathi Sithole unombolo 2. Kwathi kwi Busket Ball yabesilisa bakhala bemuka ne Ndebe bethola unombolo 1.

UMzinyathi uphinde wahlabana ngendondo ye Best Organised Municipality.

Kulemidlalo Umzinyathi District Municipality waba ngunumber 4 kobasipala abangu 10 besifunda kulemidlalo.


*ukhansela waseNquthu u Khansela PP Ntombela ekanye nonkansela Mbatha waseMziyathi , uSindi Makhoba nabaphethe ezemidlalo eMzinyathi bejabulele indebe kanye nesitifiketi soku sokuba I Best Organised Municipality.*

# LIYANGOKUQINA IFINDO PHAKATHI KOMKHANDLU WASENQUTHU NOWASE BORNEM

### Umkhandlu waseBornem (Belgium) ngokubambisana nowaseNquthu babungaze iminyaka elishumi besebenzisana.

Ithimba laseNquthu livakashele khona eBornem ukuyobungaza liholwa usekela Mayor u Cllr NM Zungu. Lesisivumelwano sasayinwa ngo 2008. Lobubudlelwane sebuthele izithelo ezinhle eziningi kubona bobabili labomaspala.

Labo maspala ababili babambisene emikhakheni eminingi yokuthuthukisa umphakathi singabalanje Waste Management lapho okwaholela ekutheni kwakhiwe I buyback centre lapho abantu bezocosha izinto ezifana namathini,amakhalibhodwe amabhodlela nokunye bakuhambise khona ebuyback centre bazizuzele imali. Lokhu futhi kuphinde kusize ekuthenini idolobha lethu lingangcoli lihlale lihlanzekile.

Kuphinde kube I learn and play kuwonke ama ward lokhu okuwusizo olukhulu okwenza ukuthi izingane ziqoqeke zidlale imidlalo ehlukene ndawonye zingabi uvanzi kubuye kube inxenye yamathuba emisebenzi njengoba labo abasebenza ukusiza izingane ngokudlala ama volunteers ayakhona ukuthi athole okuncane emkhandlwini bekwazi nabo ukuthi basuse ikati eziko.



*lapha ithimba lase seNquthu likanye nelase Bornem*



*Amakhansela omkhandlu , abaphathi bomkhandlu bekanye nabanye bethimba lase Bornem abebesebenzisana nabo khathi bevakashele e Bornem*

Singabala o Sheep and wool okuyimanje isakhiwo sakhona sesiyela ngasemaphethelweni. Ama library afakwe ezikoleni ezahluka hlukene zakhona lapha eNquthu lapho kuwusizokhona kakhulu ngoba izingane ziyakwazi ukuyozifundela izincwadi ezahlukahlukene khona. Kanye nokunye okuningi abakwenza ngokubambisana.

Ngonyaka odlule 2018 lobudlelwano bebuqeda iminyaka elishumi, lokho okwenze kubekhona isidingo sokuba kubenomgubho omkhulukazi ngalengqophamlando yefindo.

Ithimba elivela kuMasipala wase Nquthu lihambele eBelgium ngomhlaka 1-8 November 2018 ukuyoba inxenye yemigubho eyabe ihlelwe uMasipala wase Bornem.

Phakathi kwezinto ezenzeka ukuhambela ama-projects, kube ukuxhumana nosopolitiki nabasebenzi abasezingeni lokuphatha emkhakheni ehlukene ukuze kuqinisekise ukuthi iNquthu iyazuza ngayoyonke indlela futhi kuyoyonke imikhakha.

Ithimba elalihambile ileli Clr N.M. Zungu– deputy Mayor Nquthu LM, Chairperson of Technical Services, Clr M.E. Mnguni - Speaker Nquthu LM, Cllr M.R. Ngobese – Chairperson of Planning, Housing and Economic Development, Cllr. P.P. Ntombela – Chairperson of Corporate and Community Services, Mnu BP Gumbi – Municipal Manager kanye no Mnu. MB Jiyane – ongu mqondisi wakwa Planning, Housing and Economic Development nokunguye ongu City 2 City ( C2C )coordinator.



*lapha amakhansela omkhandlu kanye nabaphathi abebeyinxenye yokuyobungaza iminyaka elishumi bebambisene*



*Umnu BP Gumbi ongumenenja womkhandlu kanye noMnu MB Jiyane ongumqondisi wakwa planning bekanye netsha yase Bornem*

# UMZINYATHI UBUNGAZE ABABAMBE IQHAZA KWEZEMIDLALO

**Okokuqala nqa emlandweni umkhandlu waseMzinyathi ubambe umcimbi wama Mayors Excellent Awards obubanjelwe e Moth Hall e Dundee mhla zingu 14 September 2018.**



*Ubejabule eze egiya uMnu Thango wase Nondweni ezihlomulela ngendondo yakhe yokuba umuntu omdala ovelele kwezokugijima*

Lomcimbi ubuhanjelwe omasipala abangaphansi kwesifunda saseMzinyathi okuyi Nquthu, uMsinga, Indumeni kanye noMvoti. iNquthu nayo ayisalanga ngaphandle ibe ngenye yemikhandlu ezihlomulele ngezindondo.

uKhansela PP Ntombela ongusihlalo wakwa Corporate and Community Services uzihlabanele ngendondo yokuba ye Best supporting Councillor attended Sports Programmes kwathi uMndeni Dube okunguyena ongamele ezemidlalo kumasipala waseNquthu naye wazihlabanela ngendodo ye Best Sport Coordinator.

Akugcinanga lapho ohlelweni lwama Special Programmes uMnu Thango yena uzihlabanele ngendondo yokuba umkhulu (umuntu omdala) ovele kwezokugijima kwathi uSteven Ngobese yena wazihlobulela indebe yokuba umuntu ovelele ku ma Wheelchair racing.

Umkhandlu waseNquthu uyaziqhenya ngabobonke abathole izindondo babeka umkhandlu waseNquthu ezincwadini ezinhle zaseMzinyathi. Futhi umkhandlu uhlale uzimisele ukubeka ezemidlalo phambili ngoba ezemidlalo izona ezigcina itsha iqoqekile ingangeni ezintweni ezimbi ezinjenge zidakamizwa.

Minyaka yonke umkhandlu kunesamba semali osibekayo usibekela ezemidlalo ezahlukahlukene kusukela kweyetsha , eyabadala kanye neyabakhubazekile .



*Sithi halala kwabasimele kahle kuma Mayoral Sports Awards aseMzinyathi*

